IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

Inkosana Yobukhosi Iba Umelusi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus
Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2016 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.


Ngosuku lunye uMose wabona umGibhithe eshaya isisebenzi seHeberu. Yize uMose wakhuliswa futhi wafundiswa njenge nkosi yobukhosi endlini ka Faro, naye waye ngumHeberu. Kwakumele asisize isisebenzi.

Waqalaza ukuthi akukho muntu eduze, uMose wahlasela induna enesihluku. UMose wahlasela wamubulala umGibhithe. Masinye, wamugqiba.

Ngosuku olulandelayo, uMose wabona abaHeberu ababili belwa. Wazama ukubahlukanisa. Oyedwa wathi, "Uzongibulala nami njengoba ubulale umGibhithe na?" UMose wayesesaba. Wonke umuntu weyazi ngokwenzeke ngayizolo. UFaro weyazi. Kwakumele abaleke. Wabalekela ezweni laseMidiyani.

Ngenkathi uMose ephumule emthombeni wamanzi, amadodakazi ayisikhombisa ompristi woMidiyani ayezogcwalisa imigqomo yokuchelela izitshalo zababa wazo.



Abanye abelusi bazama ukuqhola. UMose wabavikela futhi wabasiza.



“Nashesha nabuya namuhla!” kubuza uRehuweli, ubaba wamantombazane esho ebabaza. Achaza amantombazane, wayesethi ubaba wabo, “lethani lendoda lapha”.


UMose wahlala noRaweli, owayebizwa ngoJetiro. Ekuhambeni kwesikhathi, uMose washada indodakazi yaRehuweli endala.

Emuva eGibhithe, uFaro wadlula emhlabeni. Abantu baNkulunkulu, abaHeberu, babesayizigqila. Bekhaliswa ukuhlupheka.



Bethandazela usizo kuNkulunkulu. UNkulunkulu wayizwa imithandazo yabo.

UMose wayengazi, kodwa uNkulunkulu waye lungiselela ukumusebenzisa ukuba kukhululwe izigqila. Kwasekudlule iminyaka eyamashumi amane seluku ahamba eGibhithe. Waye umelusi wemfuyo kaRehuweli.



Kodwa wayekhumbula abantu bakhe eGibhithe.

Ngelinye ilanga uMose wabona isikhotha singamalangabi. Kodwa isikhotha singashi. UMose wayefuna ukwazi ukuthi lokhu kwenzeka kanjani.

Ngenkathi uMose esondela, uNkulunkulu wamubiza esikhotheni. "Mose!" "Ngilapha," kusho uMose. "Ungasondeli," kusho uNkulunkulu. "Khumula izicathulo zakho, ngoba lendawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele".



“Ngizokuyisa kuFaro ukuba ubuye nabantu bami eGibhithe,” kusho uNkulunkulu. Kodwa uMose wayesaba ukuhamba.



UNkulunkulu wayesekhombisa uMose amandla akhe amakhulu. Washintsha induku yakhe wayenza inyoka.



Kwathi uMose ebamba inyoka ngomsila yaphenduka induku futhi. UNkulunkulu wamunika olunye uphawu.

“Beka isandla sakho esifubeni,” esho emuyala. UMose wenza njengoba etsheliwe. Isandla sakhe sabamhlophe sigcwele uchoko.

Wathi esibeka esifubeni futhi isandla, isandla sakhe salapheka.

UMose wqhubeka nokwala. “Nginamalimi, angikwazi ukukhuluma,” kusho uMose. Wathukuthela uNkulunkulu wathukuthela. “Ngizokusebenzisa umfowenu u-Aroni, umfowenu, ukuba akhulume amazwi omutshela wona,” kusho uNkulunkulu.



UMose wabuyela kuJetiro, wapakisha izimpahla zakhe waqala uhambo oluya eGibhithe.

UNkulunkulu waqhuba umfowa-Mose u-Aroni ukuba ahlangane noMose ezintabeni. UMose wasetshela u-Aroni zonke izinhlelo zaNkulunkulu zokukhulula abaHeberu kumaGibhithe.



Ndawonye, bahambisa
umyalezo kaNkulunkulu
kubahholi bamaHeberu.
Ngenkathi uMose etshengisa
abaholi bamaHeberu
izimpawu zikaNkulunkulu,
bazi lapho ukuthi
uNkulunkulu
uzobasiza.
Ndawonye,
bagoba
badumisa.

Ngobuqhawe, uMose Kanye no-Aroni baya kuFaro. "UNkulunkulu uthi, 'Khulula abantu bami'," besho kuFaro.



“Ngeke ngiwakhulule ama-Israyeli,” kuphendula uFaro. Ngeke amulalele uNkulunkulu.



UNkulunkulu kumele asebenzise amandla akhe amakhulu ukushintsha umqondo kaFaro.

Inkosana Yobukhosi Iba Umelusi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 2-5

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16